# Okuqukethwe


**Ithemu 1** ..... **1**

Indikimba: **Sibeka imigomo** ..... **2**

- Isonto 1 ..... 2
- Isonto 2 ..... 5

Indikimba: **Siyasiza** ..... **12**

- Isonto 3 ..... 12
- Isonto 4 ..... 21

Indikimba: **Imizimba yethu** ..... **28**

- Isonto 5 ..... 28
- Isonto 6 ..... 37

Indikimba: **Sixazulula izimfihlakalo** ..... **44**

- Isonto 7 ..... 44
- Isonto 8 ..... 53

**Ithemu 2** ..... **61**

Indikimba: **Sinemizwa** ..... **62**

- Isonto 1 ..... 62
- Isonto 2 ..... 71

Indikimba: **Sisebenzisa ubuchwepheshe** ..... **78**

- Isonto 3 ..... 78
- Isonto 4 ..... 87

Indikimba: **Silandela imiyalelo** ..... **94**

- Isonto 5 ..... 94
- Isonto 6 ..... 103

Indikimba: **Singamaciko** ..... **110**

- Isonto 7 ..... 110
- Isonto 8 ..... 119

# Indikimba: Sibeka imigomo

**Ukunothiswa kolimi:**

Isaga

Umshwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuquketha ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Ligotshwa lisemanzi

Lesi saga sisho ukuthi kufanele sizibekele imigomo yethu sisebancane kakhulu. Lokhu kusho ukuthi sinempilo yethu yonke ukufeza yonke imigomo esizibekele yona.

Izindaba:

**UMarie uyonga**



**Izinkukhu ezintsha zikaThuli**



## Ulwazimagama

| | |
|---|---|
| **inhloso/injongo:** | Into ofuna ukuyenza noma ukuba yiyo, nofuna ukusebenzela kuyo. |
| **yonga:** | Ukugcina into ozoyisebenzisa esikhathini esizayo noma ukungayisebenzisi imali okwamanje. |
| **imali:** | Into esiyisebenzisayo ukukhokhela izinto. |
| **hola:** | Ukuthola imali noma ukuklonyeliswa ngokusebenza noma ngokwenza umsebenzi othile. |
| **isikhukhukazi:** | Inkukhu yesifazane ezalela amaqanda kanti ivame ukuthula nokuba ncanyana kuneqhude. |
| **iqhude:** | Inkukhu yeduna enezimpaphe ezigqamile evame ukukhala kakhulu ekuseni. |
| **ihwebo/ibhizinisi:** | Indawo lapho abantu behwebela khona noma behlinzeka okuthile, njengesitolo noma isaluni. |
| **isu/icebo:** | Uhlelo lwezinyathelo onquma ukuzithatha ukuze ufeze injongo noma uqede umsebenzi. |

## Ulwazimagama

| | |
|---|---|
| **zama:** | Ukwenza umzamo ukwenza into ethile, noma kunzima. |
| **impumelelo:** | Ukufinyelela umgomo wakho noma wenze okuthile kahle. |
| **inqubekela phambili:** | Ukubangcono kokuthile isikhathi ngasinye lapho uzijwayeza, kancane kancane. |
| **umklomelo:** | Umklomelo noma okuthile okunikezwa ngomsebenzi owenziwe kahle. |


**Buza umndeni wakho:**



Iyiphi injongo eyodwa ongafisa ngiyifeze kulo nyaka?

Iyiphi injongo eyodwa ongafisa ngiyifeze empilweni yami?







## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:









## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| ba | be |
| bo | bu |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

a b

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Unana ulala nami. Umama usaba ukulima. Unana uneka ilala likamama. Unana akalona inuku. umama ulalela unana.

Mina nabazala bami sizibalela ubuhle bangakithi. Sibona isikela nesibuko sikamama. Isikela likamama lisika kabi. Unana uhalela isibuko sikamama. Sithe sisabuka isikela, sabona ibululu lilele ebaleni.

## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:







## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| da | de |
| ba | be |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

d e

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Amadada aduda edamini. La madada adida abafana abawafunayo. Alokhu ededa eya le na le. Dedela umama abone amadada. Iduku likamama lidabukile.


UNeli ulalele, ulalele lena. Lalela Neli. Ingabe ulalele le? UNeli ubuye alekelele lezi zingane.

Uzilekelela ekuseni nasebusuku. Nazo lezi zilekelela ezingekho.



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| li | lo |
| di | da |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

i l o

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

UNomali ulele. UNono ulala emile. UNono uhole imali eningi. Umama uluka ingane. UNono uhole leli nani. Leli nani iholo lami.

Laba bafana balekelela ubaba. Umama uyalilizela. Ulilizelela omama abacula leli culo. Leli culo liwulozolo kumama. Naba nabameli balalele leli culo. Nabo bayalilizela.

Lo kolo okaNono nomama. UNono ukalela umama ukolo. ULolo uhalela ukolo kaNono. Umama noNono amanono. Unina umukalela iholo, leli iholo likamama.



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| mu | nu |
| bu | lu |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Sebenzisa le misindo engezansi ukwakha amagama:

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| a | l | e | n | b | u |
| i | m | d | o | k | p |

Bhala la magama encwadini yakho yokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Mama mema unana. Ima mama. Umama umile. Umama umele mina. Umama ulekelela unana. Umama umema unana umumemela uKiki.

UNunu ukala lolu cu. Lalela Nunu, susa lolu cu lana. Ubaba ususa ubuhlalu bukaNunu. Lukalele le lolu cu Nunu. Musa, mulekelele uNunu asuse ucu nobuhlalu.

Unana ulele. Ulele la unana.

Lalela la nana. Unana ulinono elinana imana. Unana unake loku nokuhle kuphela. Unana unakekela abafowabo nodadewabo nabazali bakhe. Unana unikeza abazali bakhe ukudla.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

## UNeo ufunda ithebula lakhe



UNeo wayethanda isikole. Wayekuthanda ukudlala nabangane bakhe. Wayethanda ukufunda. Kodwa uNeo wayengazithandi iZibalo! Wayengawazi amathebula akhe okuphinda.

Ngelinye ilanga, uNeo wazibekela imigomo. Wacela unina ukuthi amsize afunde amathebula okuphinda.

Ngosuku olulandelayo, unina wavusa uNeo ekuseni. Baphuza itiye etafuleni. Unina wabeka izimabuli eziningi etafuleni. UMama wathi uNeo akabeke izimabuli zibe amaqoqo amabili.

"Lalela, uma ngikubuza ukuthi u3 uma umphinda ngo2 ukunika bani, mangaki amaqoqo ezimabuli okumele uwabale?"

"Um, mathathu?" kusho uNeo.

"Yebo," kusho unina, "lalelake, bala amaqoqo amathathu ezimabuli."

UNeo wabala, "1, 2, 3, 4, 5, 6. U3 uma umphinda ngo2 ukunika isi6!"

UNeo nonina babedlala ngezimabuli njalo ekuseni. Kungekudala uNeo wayesewazi amathebula akhe okuphinda.



## Ukuqondisisa

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu.

**1. Yini ayeyithanda uNeo ngesikole?**
- a. Abangani nokufunda.
- b. Abangani neZibalo.
- c. Amathebula okuphinda nokufunda.

**2. Yimuphi umgomo uNeo azibekela wona?**
- a. Ukuvuka ekuseni.
- b. Ukudlala ngezimabuli.
- c. Ukufunda amathebula akhe okuphinda.



## Imofoloji

Hlungelani amagama ebunyeni nasebuningini.
Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.
Dwebela isakhi esisitshela ukuthi lisebunyeni noma lisebuningini.

| | | |
|---|---|---|
| umfana | abazali | abantwana |
| umntwana | umzali | abafana |

| Ubunye | Ubuningi |
|---|---|

# Indikimba: Siyasiza

**Ukunothiswa kolimi:**

Isaga


Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuquketha ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Ingane engakhali ifela embelekweni

Lesi sisho, sisho ukuthi uma ungaceli usizo, ngeke ufinyelele emigomeni yakho, noma uzobhekana nezikhathi ezinzima. Uma udinga usizo, kufanele ukhulume.

Izindaba:

**Isehlakalo esijabulisayo sikaCandice noCarla**



**UTimeo usiza umndeni wakhe**




## Ulwazimagama


| | |
|---|---|
| **ntengantenga:** | Ukuya ngapha nangapha, sengathi kukhona okungase kuwe. |
| **bhalansa/yima nse:** | Ukuzinza ungawi. |
| **ukhathele:** | Ukukhathala kakhulu uphelelwe ngamandla. |
| **isehlakalo esijabulisayo:** | Uhambo olujabulisayo noma umsebenzi lapho uzama khona izinto ezintsha futhi uzithokozele. |
| **isiqhwaga:** | Umuntu olimaza, asabise, noma asho izinto ezimbi kwabanye ngamabomu. |
| **ziba/unganaki:** | Ukushaya indiva komunye noma into ngamabomu. |
| **hlambalaza:** | Ukusho into embi elimaza imizwa yomunye. |
| **yeseka/xhasa:** | Ukusiza umuntu ngokuba nomusa, usize ekwenzeni imisebenzi ethile, noma ubagqugquzele. |
| **usizo:** | Ukwenza into eyenza umsebenzi noma inkinga yomuntu ibe lula. |

## Ulwazimagama

| | |
|---|---|
| **ukunakekela:** | Ukumphatha kahle umuntu futhi uqinisekise ukuthi uphephile futhi uphilile. |
| **induduzo:** | Ukwenza umuntu azizwe engcono lapho edabukile noma elimele ngokusondelana naye, ukumlalela, noma ukusho izinto ezinomusa. |

**Buza umndeni wakho:**









## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| ca | ce |
| fi | fu |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

c f

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Umama uyathula uma ecasukile. Umama ucula iculo alithandayo. Indiza yahlala cababa ebaleni! Umama ucinga imali yakhe ebaleni.

UBafana ufuna ifa likababa. UFakazile akafuni ukubuka ufezela. Ufifiyelelani ngoba alikho ilanga? Angiliboni kahle ifayela lami. UFikile uzofika kusasa ekuseni.

## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:







## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| ga | hi |
| ge | ho |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

g h

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Ugogo uluka ingane. Ugogo uthinta amagodo. Ugodo olude lugobile. Ubaba unesagila esihle. Isagila sika baba side. UNomali ugade ubaba. UGugu ugeza uGasa.

Umama uhalela amahewu. Unana uhalela ikhabe. Umama uthenge amahewu nekhabe. Unana uhalela amahewu kamama wakhe.

Ubaba ubuye namaheheba emali. Kuyajabulisa ukuthi ubaba uholile.



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:










## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| ji | ka |
| pa | ju |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

j k p

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

UJabulile uhleli noJabulani. Bafuna ukuyojikela epaki. UJojo ujike esiteshini sesitimela. Ijuba lindiza phezulu emafini. Izigebengu eziningi zisemajele.

UKele ukala loku. UKele ulekelela ingane. Umama akamulekeleli unana. Amakati kanana adla ukolo. UKele uyapheka uphekela umama kanana. UKele ulekelela unana ukufuna ukolo.

Alikho ipiki likababa ebaleni. Ngubani othathe ipani lami? UThulani uthathe ipuleti lami. Ngibone ipani nepuleti izolo. Yekela upelepele kababa Sibusiso.



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| qu | wa |
| si | so |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Sebenzisa le misindo engezansi ukwakha amagama:

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| q | w | n | a | e | i |
| u | p | s | m | b | o |

Bhala la magama encwadini yakho yokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Uqalaza imoto ukuze uwele kahle. Iqola lithathe isaha likababa. Nibowaqaphela amaqola. Amaqabunga esihlahla mahle. Umama uwile walimala eqolo.

Amawele agijimisa idada. Idada liwele edamini. Imali iwele ebaleni. Wola ilala ebaleni. Umama uwola izibi. Iwisa likababa libulele ibululu. Iwele liwa ebaleni.

Sibona isikole. Isikela likamama lisika kabi. Unana uhalela isibuko sikamama. Iselesele lilele ebaleni. Ubaba uholile esikoleni. Nasi isibani sikamama.



**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

## USonto uyasiza ekhaya

USonto wayehlala nonina, ugogo kanye nobhuti wakhe. Nsuku zonke, wayesiza ngemisebenzi yasendlini. Nsuku zonke, uSonto wayeshanela ibala, andlule umbhede bese eyokha amanzi.

Ngelinye iSonto, uSonto wavuka ekuseni kakhulu. Wabona ukuthi kungcolile phansi. Washanela izibi nokungcola. Lapho eseqedile, phansi kwase kukuhle. USonto wamamatheka.

USonto wayesebona ukuthi itafula lingcolile. Walisula ngendwangu emanzi. Itafula lase libukeka lilihle. USonto wamamatheka.

USonto wayesebona ukuthi izitsha zingcolile. Wafaka amanzi nensipho endishini. Wazigeza ngasinye ngasinye. Izitsha zazihlanzekile. USonto wamamatheka.



USonto wabhekisisa indlu yonke. Yayihlanzekile iqoqekile.
Wamamatheka.
Ukusiza umndeni wakhe kwamjabulisa kakhulu.



## Ukuqondisisa

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu.

**1. Yini uSonto ayeyenza nsuku zonke?**
   a. Wayegeza izitsha, ashanele ibala.
   b. Wayeshanela ibala, andlule umbhede, akhe amanzi.
   c. Wayeshanela ibala, asule itafula.

**2. Wenza ini uSonto ngelinye iSonto?**
   a. Wageza izitsha, wasula itafula, wandlula umbhede.
   b. Washanela ibala, wageza izitsha.
   c. Washanela phansi, wasula itafula, wageza izitsha.



## Imofoloji

Hlungelani amagama ebunyeni nasebuningini.
Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.
Dwebela isakhi esisitshela ukuthi lisebunyeni noma lisebuningini.


| | | |
|---|---|---|
| abagijimi | abantu | umntwana |
| umgijimi | abantwana | umuntu |

| Ubunye | Ubuningi |
|---|---|

## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| to | vi |
| ta | vu |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

t v

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:


Isibutubutu sengane sidla utamatisi. Umama uthengela ingane utamatisi. Ingane iyatetema uma ungekho utamatisi futhi isitolo sikude. Siyajabula uma isitetelegu sengane sisebaleni. Isitolo sikude.

Vuka bese uvule ibhokisi. Isivalo asivalekile kahle. Amavila awafuni ukuvuka ekuseni. Sibone uVezi ephethe ivolovolo. Ivilavoco lilala emini. Wavula ingubo evevezela uvalo.

## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| ya | xo |
| xi | yo |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

x y

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Ngibone uxamu ududa esizibeni. Ubaba uxazulula izinkinga zethu. Isixuku sabafana siyaxokozela. Akukuhle ukuxabanisa abazali. Kufanele ucele uxolo kubazali bakho.

Yekela amawele awele edamini. UYanga yena uya esikoleni. UYanga uyeyisa futhi uyisiwula. Yekela ukuba yisiwula Yanga. Ugogo nomama bayatotoba bayobona uYanga.


## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:










## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| bha | bho |
| re | zi |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

z r bh

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Izibulo lisaba izeze. Izeze libi kabi. UZethu usaba izulu eliza kabi. Izulu line kabi izolo ekuseni. UZethu uzama izaba lokugeza izimoto zikababa. Ngibone ubaba ededela izimoto.

Phaka irayisi elishisayo. Ikati lami linamarabi. Irula lika Zanothi liphukile. Irayisi linerama nosawoti. Ireyiza likhaliphe kakhulu. Irege likanana liyaxega.

Akave ebheda unana. Umlilo uyabhebhetheka. Bhalela umama ikhadi lezilokotho. Ibhayi likamama libhobokile. Leli bhayi linemibhalo emihle. UBhingo uthenge ubhotela esitolo.



## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| hha | hhi |
| cha | kho |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Sebenzisa le misindo engezansi ukwakha amagama:

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| r | kh | n | j | a | o |
| i | e | u | ch | s | m |

Bhala la magama encwadini yakho yokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Abafana bachithe ubisi lukanana. Kufanele uchazele umama kahle. Unana uchukuluzana nami. Umama uchelela izithelo. UBafana uchithise unana ubisi. Isikhukhukazi sichamisele.

Salala mahhala ehhotela. Uhlale ehhuma lo. Ihhala lihhake ucingo. Bayahhumuzela kuleli hholo. Saphuma lingakathi hhamu izulu. Ihhashi lifake amahhanisi.

Khulumani naye ukuze abuye. Mukhuzeni abuye. Thatha lo khiye uwunike umama. Ubokhuzeka uma umama ekukhuza. Khuluma naye ubaba ukuze asisize.



**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

## UMax uyasiza

Ngelinye ilanga kushisa, uMax waya epaki. Wabona owesifazane ongeneme. Wayelahlekelwe yinja yakhe.

UMax wabuza, "Ubani igama lenja yakho?"

Owesifazane waphendula wathi, "Igama lenja yami uBella. Mncane, umpunga futhi unomsila ogoqene."

UMax wayefuna ukusiza. Wathi, "Ngizokusiza ukuthola uBella."

Bahambisana. Bamemeza, "Bella! Bella!"

Babheka ngemuva kwemithi. Babheka ngaphansi kwezitulo. UMax wabona okunyakazayo ngasemithini. Wagijimela khona.

"Ngabe uBella lo olaphayana?" Kubuza owesifazane.

UMax wasondela ngasemithini wabheka. "Yebo! UBella ulana!" esho ememeza.

UBella wagxuma waphuma. Wadlalisa umsila. Owesifazane wamamatheka. Wanga uBella.



"Ngiyabonga Max!" kusho owesifazane. UMax wazizwa ejabulile. Usize owesifazane wathola inja yakhe.



## Ukuqondisisa

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu.

**1. Wayebukeka kanjani uBella?**

a. Wayensundu, emncane, enomsila omude.
b. Wayemncane, ensundu, enomsila ogoqene.
c. Wayemncane, ensundu enombala okhanyayo.

**2. Bamthola kuphi uBella?**

a. Emuva kwemithi
b. Ngasemithini
c. Ngaphansi kwezitulo



## Imofoloji

Hlungelani amagama ebunyeni nasebuningini.
Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.
Dwebela isakhi esisitshela ukuthi lisebunyeni noma lisebuningini.

| | | |
|---|---|---|
| odadewethu | umkhulu | uThembi |
| omkhulu | udadewethu | oThembi |

| Ubunye | Ubuningi |
|---|---|
| | |

# Indikimba: Imizimba yethu

**Ukunothiswa kolimi:**

Okucashuniwe

Amagama okuqala ashiwo othile ngokuthile. Lapho othile esho okuthile okunamandla noma okunomqondo, siyawaqaphela amazwi akhe, ukuze siwaphinde.

Umzimba wakho ulithempeli – Ivesi lasebhayibhelini

Lokhu okucashuniwe kusho ukuthi imizimba yethu iyiyona nto ebaluleke kakhulu esinayo. Imizimba yethu isigcina siphila futhi isisiza ukuba senze izinto okudingeka sizenze. Kudingeka sinakekele impilo yethu ukuze imizimba yethu ihlale iqinile.

Izindaba:
**ULesego uzizwa engakhululekile**



**Usuku olubi lukaZama**



## Ulwazimagama

| | |
|---|---|
| **ukhululekile:** | Ukuzizwa ukahle uphumule, njengenkathi uhleli esihlalweni esintofontofo. |
| **ungakhululekile:** | Ukungazizwa ukahle noma uphumule, njengenkathi uhleli esitulweni esiqinile. |
| **ngesibindi:** | Ukwenza into ngisho usaba, ukuba namandla futhi uqaphele. |
| **ngaphansi:** | Ngaphansi noma ngezansi kwento. |
| **isisindo:** | Isisindo somuntu noma sento. |
| **ngonembeza:** | Ukuzizwa unamahloni noma unovalo ngoba abantu bekubhekile. |
| **phawula:** | Ukusho okuthile ngomuntu, isithombe noma umbono ukuze wabelana ngemicabango yakho. |
| **ngenhlonipho:** | Ukuba nenhlonipho kwabanye, ukhombisa ukuthi uyayinakekela imizwa nemibono yabo. |

## Ulwazimagama

| | |
|---|---|
| **ukuntengantenga:** | Ayinamandla kakhulu. Umzimba wakho uzizwa ukhathele noma awukwazi ukwenza izinto ezinzima kalula. |
| **ukuqina:** | Ukuba namandla emzimbeni wakho okuphakamisa izinto, ukugijima noma ukudlala ngaphandle kokukhathala ngokushesha, ukuba. nempilo. |
| **ukubanempilo:** | Lapho umzimba wakho uzizwa unempilo ngoba udla kahle, ulala ngokwanele, futhi uyanyakaza noma wenza ngokweqile kakhulu, okungabinampilo. |
| **ukungabinampilo:** | Lapho umzimba wakho uzizwa ungenampilo kangako ngenxa yokudla okungenamsoco kakhulu, ukungalali ngokwanele, noma ukunganyakazi ngokwanele. |

**Buza umndeni wakho:**



Ikuphi okunye esingakwenza ukugcina imizimba yethu iphilile futhi iqinile?

Uma kungenzeka kubekhona engithanda ukukwazi ngomzimba wami, ngingakhuluma nobani?





## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:









## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| qha | pha |
| qhi | pho |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

ph qh

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Isiphepho siphephule ilawu. Uphapha kakhulu unana. Umama uphethe uphaphe oluphukile. Umama ufuna ukuphesha uphaphe oluphukile. Pheka bese uphakela ubaba.

UQhawe uya esikoleni. Ngiqhuzuke ngawa ekuseni. UQhamukile uyiqhalaqhala lengane. Ngizoqhubeka ngidle noma kungavumi. Ngibone iqhina ligijima. Iqhude likamama lilele esihlahleni.

## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:







## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| sha | the |
| shi | tho |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

sh th

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela


Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Umama ufike lingakashoni ilanga. Yini ongayithenga ngosheleni? Ngisho nekhekhe leli aliphumi. Uyashalaza uma ebona uthisha. Ushukela kamama uwele edamini.

Unana uyothatha isithelo. Umama uthelela unana ubisi. UThokozile uyathula ekilasini. Thatha isithelo leso usilethe la. UThokozile uzothenga ithikithi lebhasi.

## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:










## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| hla | xho |
| dla | dli |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

xh dl hl

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Ixhegu liyaxhamazela. Xhumana noZanothi kusasa ekuseni. Omama bayaxhawulana. Abafana badlala emaxhaphozini. Umalume uxhaphaza abashana.


Abafana bayadla bese bedlala ibhola. Ubudlova budlangile lapha. Sidlule inyoni ihleli esidlekeni. Isidlakela sendoda sidlule la ebaleni. Sidla isidlo sasekuseni. Izingane zidlala ngesidleke senyoni.

Yehla esihlahleni uzolimala. Uyahleka uma kufuna yena. Ave ehlonipha. Uyehluleka ukulala uma kushisa. Abalimi bahlakulisa umama. Hlehlisa lezo zihlahla.

## Imisindo

Shintshanani ukubuyekeza le misindo:







## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| kla | gco |
| gqe | kli |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Sebenzisa le misindo engezansi ukwakha amagama:

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| gc | gx | dl | w | e | a |
| u | o | kl | k | p | n |

Bhala la magama encwadini yakho yokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Abafana bayakleza. Abafana baklaya emasimini. Bacula baklabalase uma sebedlile. Umama usika iklabishi. Musa ukuklolodela abazali. Unana uklebhule ibhayi likamama.

Gcobisa isigcobo sakho. Wagcizelela ukuthi sigcina nini. Uyogcina ngakho ukungigcona. Umama ugcine egculisekile. UGcobisa usaba isigcilikisha. Sagcinana ngosuku lokugcoba abafundisi.

UGqamile uya esikoleni esikude. Isigqoko sikababa sinethile. Ibala likanana ligqame kahle namuhla. Iqola ligqekeze isitolo sikababa. Umuzi wakithi wakhe egqumeni. Luphelile ugqozi lokuya esikoleni.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

## UZama usebenzisa umzimba wakhe

UZama wadilika embhedeni. Wasebenzisa izinyawo zakhe ukuya endlini yokugeza. Wasebenzisa izandla zakhe ukuxubha amazinyo akhe nokugeza ubuso bakhe.

Esikoleni, uZama wasebenzisa amehlo akhe ukubona uthisha. Wasebenzisa umqondo wakhe ukucabanga. Wasebenzisa izinyawo zakhe ukugijima otshanini nezandla zakhe ukwanga abangani bakhe.

Ekhaya, uZama wenza umsebenzi wakhe wasekhaya awuthole esikoleni. Wasebenzisa umqondo wakhe kakhulu! UZama wayephinde adlale engadini nodadewabo omncane. UZama wabonisa udadewabo ukuthi aliphose kanjani ibhola ngezandla zakhe.

Ekupheleni kosuku, uZama wadla isidlo sasebusuku waphuza amanzi. Wayesegeza wayolala. Embhedeni, uZama wamamatheka ethi, “Ngisebenzisa umzimba wami nsuku zonke. Nginokubonga okukhulu ngoba ngiyawusebenzisa umzimba wami.”





## Ukuqondisisa

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu.

**1. Wayebonga ini uZama?**
   a. Umqondo wakhe ngokucabanga.
   b. Izandla zakhe ezanga abangani bakhe.
   c. Umzimba wakhe, awusebenzisayo.

**2. Wenza ini uZama ngemuva kokudla isidlo santambama?**
   a. Wadlala engadini
   b. Wageza wayolala
   c. Waphuza amanzi



## Imofoloji

Hlungelani amagama ebunyeni nasebuningini.
Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.
Dwebela isakhi esisitshela ukuthi lisebunyeni noma lisebuningini.

| | | |
|---|---|---|
| umuthi | imifula | imithi |
| umfula | imizi | umuzi |

| Ubunye | Ubuningi |
|---|---|



## Imisindo

Shintshanani ukufunda lo msindo:






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| nge | ngu |
| ngu | nga |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

ng

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Ubaba ulimele ingalo. Ingalo yakhe ingene ushevu. Ngena sikubone. Nginibonile niganga edamini. Nigange lashona ilanga. Nangu umama ulele. Mbambe angangeni lowo. Angazi kunani la. UMbongeni ubambe ugodo.



## Imisindo

Shintshanani ukuhlanganisa le misindo ndawonye:




+






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| nci | nco |
| nca | nce |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

nc

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Qagela ukuthi ngubani oncelayo? Uncela njalo. Uma efuna ukulala kumele ancele kuqala. UMacici uncishana kakhulu. Incema kamama isiqala ukoma.

Angincenge lutho olwakho mina.

## Imisindo

Shintshanani ukufunda lo msindo:




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| nya | nyi |
| nyo | nyu |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

ny

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Inyanga enkulu yelaphe ubaba. Ubaba unyele unyawo. Umama uthenge inyama yenkukhu. Unana unyamalale ekuseni. Unana unyanya amafinyila akhe. Abafana banyuka ekuseni kakhulu.

## Imisindo

Shintshanani ukuhlanganisa le misindo ndawonye:




+




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| gwa | gwo |
| gwe | gwu |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Sebenzisa le misindo engezansi ukwakha amagama:

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ng | g | ny | m | o | e |
| i | a | u | b | w | l |

Bhala la magama encwadini yakho yokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Igwababa lindiza le phezulu. Igwala alivamile ukulimala. Bamhlangule esegwiliza emfuleni. Utholakale ephukuhla amagwebu. Kufanele niqondiswe izigwegwe. Le nja iyagwavumula uma ingibona. Musa ukugwebula amabhodwe.



**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

## Umjaho kaSam obalulekile



USam wayekuthanda ukugijima. Wayenomjaho obalulekile ayefuna ukuwunqoba. Umjaho wawususondele. USam wayethukile kancane. Abanye abagijimi babegijima ngokukhulu ukushesha.

Nsuku zonke, uSam wayevocavoca ukuze azilungiselele. Njalo uma kuphuma isikole, wayeya ebaleni. Okokuqala, uSam walula izicubu zakhe. Walula izicubu zakhe zangemuva. Wayengafuni ukulimala. Wathi esuka uSam wagijima waya phansi naphezulu ebaleni. Wagijima izicubu zakhe zaze zaba buhlungu. Ukugijima kwakuyinto engelula kakhulu. Kodwa ukugijima kwakumsiza azizwe ejabule kakhulu uSam.

Sekusele usuku ufike umjaho, uSam wayesewulungele. Wayesebenze kanzima. USam wabonga umzimba wakhe. Wayebonga ukuthi usegijima ngokushesha.



## Ukuqondisisa

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu.

**1. Yini eyayenziwa uSam ukuvikela ukulimala?**

a. Wayezilungiselela nsuku zonke.
b. Wayegijima ebaleni aye phezulu naphansi.
c. Wayelula izicubu zakhe.

**2. Ukugijima kwamenza wazizwa kanjani uSam?**

a. Ukugijima kwamenza wazizwa ejabule kakhulu.
b. Ukugijima kwamenza waba nokuthuka.
c. Ukugijima kwamlimaza.



## Imofoloji

Hlungelani amagama ebunyeni nasebuningini.
Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.
Dwebela isakhi esisitshela ukuthi lisebunyeni noma lisebuningini.

| | | |
|---|---|---|
| izingubo | izinja | umuthi |
| ingubo | inja | imithi |

| Ubunye | Ubuningi |
|---|---|

# Indikimba: Sixazulula izimfihlakalo

**Ukunothiswa kolimi:**

Isaga

Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuqukethe ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Okwenzeka ebumnyameni kuyovela ekukhanyeni

Lokhu okucashuniwe kusho ukuthi uma izinto zenziwa ngasese, ziyogcina zitholakele. Iqiniso lihlala livela.

Izindaba:
**Idayari kaMandu eyimfihlo**



**Umacashelana**



## Ulwazimagama

| | |
|---|---|
| **xazulula/ sombulula:** | Ukuthola impendulo noma isisombululo senkinga. |
| **umkhondo/ inkomba:** | Umkhonjwana okusiza ukuba uthole impendulo yokuthile. |
| **idayari:** | Incwadi eyimfihlo lapho ubhala khona ngosuku, imicabango, nemizwa yakho. |
| **imfihlakalo:** | Into engaziwa noma engachaziwe eyenza ulangazelele ukwazi. |
| **casha/fihla:** | Ukuya endaweni thizeni noma ukubeka into lapho ingeke ibonwe abanye khona. |
| **funa/cinga:** | Ukufuna into noma umuntu olahlekile noma ocashile. |
| **lahlekile:** | Ayikho la kufanele ibe khona, ilahlekile noma ikude (njengethoyizi ongalitholi). |
| **goba/ khokhoba:** | Ukugobisa amadolo wehlisele umzimba wakho phansi. |

## Ulwazimagama

| | |
|---|---|
| **umseshi:** | Umuntu obheka imikhondo ukuze athole ukuthi kwenzekeni. |
| **ubufakazi:** | Izinto noma amaqiniso asiza ukukhombisa impendulo, njengophawu noma inothi. |
| **umsolwa:** | Umuntu esicabanga ukuthi kungenzeka wenze okuthile. Kufanele sihlole ukuthi kuyiqiniso yini. |
| **funa:** | Ukubheka ngokucophelela okuthile noma othile. |

**Buza umndeni wakho:**



Wake wahlangabezana nemfihlakalo empilweni yakho? Uma kunjalo, ungangixoxela ngayo?


Imfihlakalo ingaba mnandi! Singazenzela izinkomba ukuze sixazulule imfihlakalo?





## Imisindo

Shintshanani ukufunda lo msindo:




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| tsa | tsu |
| tsi | tso |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

ts

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Isitsaka sikaZanothi sivuleke kakhulu. Amasondo ezimoto athi tseke, tseke. UZanothi ulithe tsewu ikhabe ngamazinyo. Sagibela iloli elitsekezelayo. Lihamba lithi ‘tseke tseke tseke’. Isela libalekele eTsakane.




## Imisindo

Shintshanani ukuhlanganisa le misindo ndawonye:




+






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| nhla | nhlo |
| nhli | nhle |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

nhl

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Izinhlanzi ziphila emanzini akhanyayo. Inhlalo yasedolobeni ayijabulisi. Unhlanhla ave ehlonipha. Uma uhlonipha uba nenhlanhla. Abazali banezinhlelo ezinhle ngathi.

## Imisindo

Shintshanani ukufunda lo msindo:




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| gxa | gxo |
| gxu | gxi |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Thola wonke amagama embhalweni asebenzisa:

gx

Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.

## Ukufunda ngokushelela


Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

UGweje uqhamuke egxumagxuma. Uyagxuma nje injabulo. Uye wathatha igxathu lokufuna isikole wasithola. Ubaba ususe amagxolo esihlala. Umama ugwema ukushayisa isigxobo.



## Imisindo

Shintshanani ukuhlanganisa le misindo ndawonye:




+






## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlanganisa imisindo ukufunda amalunga.

| | |
|---|---|
| gxwa | gxwo |
| gxwe | gxwi |



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Sebenzisa le misindo engezansi ukwakha amagama:

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| gx | n | hl | kl | kh | w |
| a | e | i | o | b | k |

Bhala la magama encwadini yakho yokubhalela.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Impilo yakhe ayijabulisi. Usubona ngokugxwala ukuthi akasenawo amandla. Ubonakala ngokugxwalela ukuthi ulimele. Ukugxwala lokhu akukuhle ekukhuleni komuntu.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

## Ibhola elinyamalele

Ngolunye usuku ekuseni, uSam noZama baya ngaphandle beyodlala. Ilanga lalishisa. Kwakulusuku oluhle lokudlala ibhola. Bacinga ibhola labo elibomvu, kodwa lalingekho.

USam wathi, "Ibhola lethu linyamalele!"


"Asixazulule le nkinga!" kusho uZama.

Babheka ngaphansi kwesitulo. Bangalibona ibhola. Babheka ngemuva komuthi, kepha bangalibona ibhola. Base bebona izinyathelo ezincane ebaleni.

"Ngicabanga ukuthi lezi zinyathelo ziwumkhondo," kusho uZama.

"Asilandele umkhondo walezi zinyathelo," kusho uSam.

Ekugcineni, balibona ibhola elibomvu emgodini ebaleni. Inja encane yayidlala ngebhola! USam noZama bajabula. Babeneme kakhulu ngokuthi bathole ibhola baxazulula abangakuboni.





## Ukuqondisisa

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu.

**1. Yini eyayinyamalele?**
   a. Inja encane
   b. Ibhola
   c. Umgodi

**2. Bacinga kuphi oZama noSam?**
   a. Ngaphansi komuthi nangemuva kwezitulo.
   b. Ngaphansi kwezitulo nangemuva komuthi.
   c. Ngaphansi kwenja encane emgodini.



## Imofoloji

Hlungelani amagama ebunyeni nasebuningini.
Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.
Dwebela isakhi esisitshela ukuthi lisebunyeni noma lisebuningini.

| | | |
|---|---|---|
| izinyoka | isikhova | imbila |
| izimbila | inyoka | izikhova |

| Ubunye | Ubuningi |
|---|---|
| | |

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

Kopela amagama uwabhale encwadini yakho yokubhalela:

lekelelani

Thola udwebele bonke onkamisa.

lekelelani

Engeza indlela yokunqamula amalunga.

le/ke/le/la/ni

Funda amalunga:

le-ke-le-la-ni

Hlanganisa amalunga ukufunda amagama:

lekelelani

Phinda ngamagama:

bajikajika

nakekelanani

abanakekeli

abalekeleli

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Faka igama elifanele elishodayo esikhaleni osinikeziwe.**

| phithizela menemene amanzi |
| --- |

1. Umalumekazi ukha _____.
2. Ama______ anamanga.
3. Ave ku______ endlini.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Mangaki amagama ongawabhala usebenzisa:**

Bheka ukuthi mangaki amagama ongawakha usebenzisa umsindo ngamunye.
Bhala uhlu encwadini yakho.

w s

Yakha umusho usebenzisa amagama amabili.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Hlela amagama alandelayo abe umusho oqondile:**

1. Izingane ibhola zidlala.
2. Iziguli abahlengikazi bahlenga.
3. Udokotela izingane ujova.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

Kopela amagama uwabhale encwadini yakho yokubhalela:

lekelelani

Thola udwebele bonke onkamisa.

lekelelani

Engeza indlela yokunqamula amalunga.

le/ke/le/la/ni

Funda amalunga:

le-ke-le-la-ni

Hlanganisa amalunga ukufunda amagama:

lekelelani

Phinda ngamagama:

amanikiniki

udilikajele

jikajika

amamenemene

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Faka igama elifanele elishodayo esikhaleni osinikeziwe.**

| | |
|---|---|
| jabulisayo | imijikelo |
| amathikithi | |

1. Uthisha uthanda imibhalo e_____.
2. Sidinga_____ ebhola.
3. Epaki sidlala_____.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Mangaki amagama ongawabhala usebenzisa:**

Bheka ukuthi mangaki amagama ongawakha usebenzisa umsindo ngamunye.
Bhala uhlu encwadini yakho.

sh hl

Yakha umusho usebenzisa amagama amabili.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Hlela amagama alandelayo abe umusho oqondile:**

1. Izingane ukubhala zifuna kabusha.
2. Ephepheni uwabhale kopela lakho amagama.
3. Amagama hlukanisa awo ngamalunga.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

Kopela amagama uwabhale encwadini yakho yokubhalela:

lekelelani

Thola udwebele bonke onkamisa.

lekelelani

Engeza indlela yokunqamula amalunga.

le/ke/le/la/ni

Funda amalunga:

le-ke-le-la-ni

Hlanganisa amalunga ukufunda amagama:

lekelani

Phinda ngamagama:

lalelisisa

amaheheba

izigidigidi

lilizelani

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Faka igama elifanele elishodayo esikhaleni osinikeziwe.**

| ngezilimi engadini zibungu |
|---|

1. Ugogo uyavuna______.
2. Ikhiwane line______.
3. Amasiko asifundisa______ zethu.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Mangaki amagama ongawabhala usebenzisa:**

Bheka ukuthi mangaki amagama ongawakha usebenzisa umsindo ngamunye.
Bhala uhlu encwadini yakho.

dl gc

Yakha umusho usebenzisa amagama amabili.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Hlela amagama alandelayo abe umusho oqondile:**

1. Ulilizelela izingane umama ezisina kahle.
2. Zilalela yeshashalazi imidlalo izingane njalo.
3. Imisakazo ukuthuthukisa iyasiza izilimi.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

Kopela amagama uwabhale encwadini yakho yokubhalela:

lekelelani

Thola udwebele bonke onkamisa.

lekelelani

Engeza indlela yokunqamula amalunga.

le/ke/le/la/ni

Funda amalunga:

le-ke-le-la-ni

Hlanganisa amalunga ukufunda amagama:

lekelelani

Phinda ngamagama:

ubuthaphuthaphu

esiphithiphithini

ezizungeziwe

ezinakekeliwe

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Faka igama elifanele elishodayo esikhaleni osinikeziwe.**

| amaqanda anolayini izingubo |
|---|

1. Amasokisi______ oluhlaza phezulu.
2. ______ zokulala.
3. Isikhukhukazi sichamisele______.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

**Mangaki amagama ongawabhala usebenzisa:**

Bheka ukuthi mangaki amagama ongawakha usebenzisa umsindo ngamunye.
Bhala uhlu encwadini yakho.

ts gx

Yakha umusho usebenzisa amagama amabili.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Hlela amagama alandelayo abe umusho oqondile:**

1. Othisha njalo imihlangano babiza.
2. Isibizelo sibhala namuhla.
3. Amahle umama amakhekhe ubhaka.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

## Isikhafutini esingatholakali

Ngesikhathi sekhefu, uJack wavula ubhakha wakhe. Wabheka phakathi. Isikhafutini sakhe sasingekho. uJack wayedumele futhi elambile. “Isikhafutini sami asisekho,” kusho uJack. UNaledi weza wazomsiza. “Asixazulule le nkinga,” kusho uNaledi.

UJack noNaledi babheka ngaphansi kwesitulo. Babheka ngemuva komnyango. Babuza abangane babo, kodwa akekho owayebone isikhafutini.

UNaledi wabona umkhondo! Wabona izimvuthu phansi. Balandela izimvuthu baze bafika ekhoneni lokufunda. Isikhafutini sikaJack sasisekhaphethini. Igundane elikhulu lalidla isinkwa sikaJack! UJack waligijimisa igundane, labaleka. uNaledi wasicosha isinkwa.

“Leliya gundane elikhulu lidle isidlo sami sasemini!” kusho uJack.

“Singabelana ngesidlo sami sasemini,” kusho uNaledi.

Abangane babejabule ukuthi baxazulula okungabonakali.





## Ukuqondisisa

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu.

1. **Wayezizwa kanjani uJack ngenkathi isikhafutini sakhe singasekho?**
   a. Wayejabule kakhulu
   b. Wayethukuthele kakhulu
   c. Wayethukuthele edangele

2. **Yimuphi umkhondo awubona uNaledi?**
   a. Isikhafutini ekhaphethini
   b. Izimvuthu phansi
   c. Igundane ekhoneni lokufunda



## Imofoloji

Hlungelani amagama ebunyeni nasebuningini.
Bhalani uhlu lwala magama ezincwadini zenu zokubhalela.
Dwebela isakhi esisitshela ukuthi lisebunyeni noma lisebuningini.

| | | |
|---|---|---|
| umgqomo | izigqiki | imigqomo |
| umgqakazo | isigqoko | isigqiki |

| Ubunye | Ubuningi |
|---|---|

# Indikimba: Sinemizwa

**Ukunothiswa kolimi:**

Isaga

Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuqaketha ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Inhliziyo ayiphakelwa

Inhliziyo ifuna lokho okufunwa imizwa. Awuyikhethi imizwa oba nayo ngokunjalo awuyikhetheli inhliziyo ukuthi ifune ini, ifuna lokhu okufunwa imizwa yayo.

Izindaba:

**UNyasha usesiteji**



**UBantu uzizwa edabukile**



## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **isiteji:** | Indawo ephakeme lapho abantu benza umdlalo khona. |
| **dlala:** | Ukulingisa, uculele noma udansele abanye abantu. |
| **ukhetho:** | Ukuzama ukubona ukuthi unganikwa isikhala emdlalweni noma embukisweni. |
| **izixuku:** | Iqembu labantu ababukele umbukiso. |
| **kuhlaba umxhwele:** | Into eyenza uthi "Wawu!" ngoba kukuhle kakhulu noma kuyisimangaliso. |
| **akekho:** | Ukungabikho lapho okufanele ube khona. |
| **kubaluliwe:** | Kushiwo okuthile. |
| **usizi:** | Ukudabuka okukhulu uma umuntu omthandayo kakhulu ekushiyile noma kwenzeka into ebuhlungu kakhulu. |
| **okuvezwa ubuso:** | Indlela ubuso bakho obukhombisa ngayo imizwa yakho. |
| **imizwa exubile:** | Uma uzwa imizwa emibili ehlukene ngesikhathi esisodwa. |

## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **udidekile:** | Uma ungenasiqiniseko sokwenzekayo noma sokufanele ukwenze. Umqondo wakho uzizwa uhlangahlangene. |
| **ubuchwepheshe:** | Ubuchwepheshe yinto esetshenziswa abantu ukubasiza benze izinto kalula, njengokufunda, ukukhuluma nabanye noma ukuxazulula izinkinga. |


**Buza umndeni wakho:**



Yini into ekwenza uzizwe uthukuthele noma uphatheke kabi?

Ukhuluma nobani mayelana nemizwa yakho?







## Imisindo

Shintshisana ngokufunda yonke imisindo ofanele uyazi:

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| a | b | d | e | i |
| l | o | m | u | n |
| c | f | g | h | j |
| k | p | q | w | s |
| t | v | x | y | z |
| r | bh | ch | hh | kh |
| ph | qh | sh | th | xh |
| dl | hl | kl | gc | gq |
| ng | ny | ts | gx | nc |
| gw | nhl | gxw | dw | sw |
| nt | mv | nx | yw | zw |
| nd | mb | chw | hw | khw |

**Xoxa nomlingani wakho:**

1. Imiphi imisindo obungayazi?
   Bhala uhla lwalemisindo encwadini yakho.

2. Imiphi imisindo odinga ukuzejwayeza ukuyifunda?
   Bhala uhla lwale misindo encwadini yakho.

**Zijwayeze ukufunda nokubhala imisindo:**

- Zenzele awakho amakhadi okufunda ukuze uwasebenzise ekhaya.
- Cela ukuhamba neNcwadi Eyisisekelo Sokufundo ekhaya. Zijwayeze ukufunda kuleli khasi.
- Cela umndeni wakho ukubizele imisindo eyahlukene. Bhala phansi le misindo.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Ningashintshana ngokufunda amagama okumele niwazi.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ikhwela | ikhabe | khawula | zwela | zwisisa |
| zula | indaba | indalo | indida | ukudikila |
| mahhala | hhema | iwisa | iwele | wela |
| buyisa | butha | umbala | intamo | ukuhweba |
| busisa | busisiwe | busa | idayimani | dela |
| icala | iculo | caca | ibhele | khahlela |
| xhumanisa | hlawula | gqoka | klabalasa | gcogcoma |
| gquma | nyamalala | nhlanhlatha | uzwane | amachwane |

**Xoxa nomlingani wakho:**

1. Imaphi amagama obungawazi?
   Bhala uhlu lwalamagama encwadini yakho.

2. Imaphi amagama odinga ukuzejwayeza ukuwafunda?
   Bhala uhlu lwalamagama encwadini yakho.

**Zijwayeze ukufunda nokubhala lamagama:**

- Zijwayeze ukuphimisela amagama ongawazi.
- Cela umndeni wakho ukubizele amagama ehlukene. Bhala phansi la magama.



## Imofoloji

- Kuthemu 1 sihlukanise amagama ngobunye 1 nobuningi 2+
- Kopisha amagama angezansi encwadini yakho.
- Qedela uhlu ngokufaka igama elingubunye noma ubuningi elishodayo.

| Ubunye 1 | Ubuningi 2+ |
|---|---|
| umfana | ______ |
| ______ | abazali |
| umntwana | ______ |
| ______ | abantu |
| umgijimi | ______ |
| uThembi | ______ |
| umkhulu | ______ |
| ______ | odadewethu |
| umfula | ______ |
| ______ | imithi |
| umunwe | ______ |
| ______ | izinja |

**Xoxa nomlingani wakho:**

1. Iyiphi ingxenye yegama esikhombisa ukuthi liwubunye noma liwubuningi na? Bhala uhlu lwalezi zingxenye zamagama encwadini yakho.

**Usakhumbula?**

Ingxenye yegama ibizwa 'ngesakhi'.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.
Funda uze ukwazi ukufunda indaba ngaphandle kwamaphutha.

UNobuhle uthanda ukufunda. Uvuka ekuseni afunde izindaba ezijabulisayo. Uyakuthanda nokufundisa abanye ukufunda. Ngesikhathi sekhefu esikoleni, usiza abanye bafunde ukufunda futhi bakujabulele. Uyakujabulela kakhulu ukufunda nokuzwa abanye bemutshela izindaba zabo abazifundile.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.
Funda indaba ngesivinini esikahle, kube sengathi uyakhuluma.

UNobuhle uthanda ukufunda. Uvuka ekuseni afunde izindaba ezijabulisayo. Uyakuthanda nokufundisa abanye ukufunda. Ngesikhathi sekhefu esikoleni, usiza abanye bafunde ukufunda futhi bakujabulele. Uyakujabulela kakhulu ukufunda nokuzwa abanye bemutshela izindaba zabo abazifundile.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.
Funda indaba ngomuzwa:

UNobuhle uthanda ukufunda. Uvuka ekuseni afunde izindaba ezijabulisayo. Uyakuthanda nokufundisa abanye ukufunda. Ngesikhathi sekhefu esikoleni, usiza abanye bafunde ukufunda futhi bakujabulele. Uyakujabulela kakhulu ukufunda nokuzwa abanye bemutshela izindaba zabo abazifundile.



**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

## Nginemizwa

Nginemizwa yezinto eziningi. Ngingazizwa ngidabukile. Ngingazizwa ngijabulile. Ngizizwa ngidabukile uma ngilahle ithoyizi lami. Ngizizwa ngidabukile uma ngisikeka noma ngihuzuka. Ngizizwa ngidabukile uma ngikhumbula umama wami.

Ngingazizwa ngithukuthele. Ngazizwa ngimuthukuthelele umama wami lapho ethi cha kimi. Ngazizwa ngimuthukuthelele ubaba wami lapho engangitholelanga lutho. Ngazizwa ngiyithukuthelele inja yami lapho ingiluma.

Ngizizwa ngijabule kakhulu. Ngizizwa ngijabule uma ngicula. Ngizizwa ngijabule uma ngigijima. Ngizizwa ngijabule uma ngibhukuda. Ngizizwa ngijabule uma nginomama wami nobaba wami.

Kunini lapho uzizwa udabukile? Kunini lapho uzizwa uthukuthele? Kunini lapho uzizwa ujabulile?





## Ukuqondisisa

Kopela uqedele imisho:

1. Ngizizwa ngidumele uma…
2. Ngizizwa ngithukuthele uma…
3. Ngizizwa ngijabule uma…



## Imofoloji

Funda amagama ebhulokhini elinombala.
Bese, ukopisha umusho encwadini yakho.
Qedela umusho ngegama elifanele.

jabula  bajabulela  jabulisa  jabulile

USisi u ______ udadewabo ngemiphumela yakhe.

### Imisindo

Shintshanani ngokufunda umsindo:




### Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

| |
|---|
| itshali |
| isitsha |

### Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Funa onke amagama embhalweni asebenzisa:

kh tsh

Bhala uhlu lwala magama encwadini yakho.

### Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

| |
|---|
| Ugogo utshala izitshalo. |

## Isitsha sikaZinathi

Umama uvuka ekuseni ageze izitsha. Lezi zitsha ezetiye lasekuseni. Uphinde futhi atshale izitshalo engadini yakhe. Uphinde watshela umakhi osakhelayo ukuthi anakekele izitshalo.

Ubutshani basekhaya buluhlaza. Umama akawafuni amatshe phezu kotshani. Usitshela njalo ukuthi sigcine utshani bakhe bubuhle. Ibhasi likaShezi liluhlaza okotshani. Abazali batshele izingane ukuthi zigibele ibhasi likaShezi.

## Imisindo

Shintshanani ngokuhlanganisa le misindo.




+




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | |
|---|---|
| ntsh | ntshe |
| ntshi | ntsho |

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

lentshintsho
ntshothantsho

Bhala amagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

UNtshingila untshontshe intsha yethu.

UNtshingila ubone uNtshakala ethenga amantshontsho. UNtshingila untshontshe amantshontsho kaNtshakala. UNtshingila noNtshakala bavakashela eNtshonalanga. Banentshisekelo yokubona ubuhle bakhona.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

tsh-a-l-a
tsh-e-l-a



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | tsh | t | f | e | sh |
| dl | l | v | a | kh | qh |

## Imisindo

Shintshanani ngokufunda umsindo:




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

| |
|---|
| gcoba |
| gcagca |

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Funa onke amagama embhalweni asebenzisa:

b gc

Bhala izinhlu zalamagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

| |
|---|
| Mina ngigcoba izinyawo zami. |

### Abafana bayagcogcoma

Abafana bagcona abanye abafana. Ubaba uthanda ukulalela amaculo amagcokama. Uthi amugcina ejabulile. Nathi sigcine sesilalela wona.

UGcina ugcogcoma akaqedi. Uthi ufuna ukugcoba. Uma eqeda ukugcoba uyobona umugcagco wabazali bakhe. Uthe ebuya wafika wagcona umama ngengubo yakhe.

## Imisindo

Shintshanani ngokuhlanganisa le misindo.




+




## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | |
|---|---|
| gcw | gcwe |
| gcwo | gcwi |

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

lagcwa
saligcwa

Bhala amagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

| |
|---|
| UGcwali ugcwalisa ibhakede egcekeni. |

Ngelinye ilanga ngabona uGcina egcona udadewabo. Udadewabo wayegcine ukudla ekhabetheni. UGcina wakuthatha wagcogcoma nakho ebaleni. Ngalokho, udadewabo wagcwala ukuthukuthela.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

gc-o-gc-o-m-a
gc-w-a-l-a

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| gc | w | g | j | l | m |
| n | o | e | x | a | gq |





**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

## Mamatheka uphinde uswace

Uma ngizizwa ngijabule, ngiyamamatheka. Uma ngizizwa ngidabukile, ngiyaswaca. Uma ungibona ngimamatheka, ngijabulile. U ma ungibona ngiswacile, ngidabukile.

Umama wami wathi ukuswaca ukumamatheka okubheke phansi. Ucabanga ukuthi ukumamatheka ukuswaca okubheke phansi?

Ubaba wami wathi ukumamatheka kufana nomqhele. Wathi ukumamatheka kungakwenza ukhazimule. Wathi ukumamatheka kungakwenza ubukeke umuhle.

Umkhulu wami wathi ukumamatheka kufana nokukhanya kwelanga. Uma ubona ukumamatheka, lokho kungakwenza uzizwe ujabule.

Kodwa ugogo wami wathi akumele ngimamatheke kakhulu. Wathi akumele ngimamatheke uma ngingazizwa ngijabule. Akumele ngimamatheke uma ngizizwa ngidabukile. Akumele ngimamatheke uma ngingazizwa kahle.





**Ukuqondisisa**

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu zokubhalela:

1. Ubani owathi ukumamatheka kufana nokukhanya kwelanga?
   ...wathi ukumamatheka kufana nokukhanya kwelanga.
2. Ubani othe ukumamatheka kufana nomqhele?
   ...wathi ukumamatheka kufana nomqhele.
3. Ubani owathi ukuswaca ukumamatheka okubheke phansi?
   ...wathi ukuswaca ukumamatheka okubheke phansi.



**Imofoloji**

Funda amagama ebhulokhini elinombala.
Bese, ukopisha umusho encwadini yakho.
Qedela umusho ngegama elifanele.

| | | | |
|---|---|---|---|
| gcwala | gcwalisa | gcwalisela | bagcwalisile |

UFana u ______ ukudla ekhabetheni.

# Indikimba: Sisebenzisa ubuchwepheshe

**Ukunothiswa kolimi:**

Okucashuniwe

Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuquketha ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Umshini ozishintshayo

Lokhu kusho umshini osebenza ngobuchwebeshe, njengomshini ozishintshayo, izinto ziyazenzakalela ngokukhulu futhi ukushesha. Lokhu kuvame ukuba umphumela wobuchwepheshe noma kube yibo ubuchwepheshe.

Izindaba:

**UZandile usebenzisa i-intanethi**




**USinakho usebenzisa izikrini**



## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **sesha:** | Ukubheka ulwazi kuinthaneti ngokuchofoza amagama efonini, (kumakhalekhukhwini), kwithabhulethi, noma kwikhompyuta. |
| **kuyabiza:** | Uma into idinga imali eningi kakhulu. |
| **i-intanethi:** | Uhlelo lomhlaba jikelele oluxhumanisa amafoni namakhompyutha ukuze abantu bathole ulwazi futhi baxhumane nabanye. |
| **idata:** | Yilokho esikuthengayo ukuze sisebenzise i-intanethi efonini. Yenza ubukele amavidiyo, uthumele imilayezo, ufune nolwazi kwi-intanethi. |
| **iskrini:** | Ingxenye yefoni, yekhompyuta noma kaBK (kamabonakude) eyisicaba lapho ubona khona izithombe namagama. |
| **ukugqolozela:** | Ukubuka into isikhathi eside ungabuki eceleni. |
| **uhlanganyele:** | Ukubamba iqhaza entweni kanye nabanye. |
| **umzuzu:** | Isikhathi esifishane esibalulekile noma esinomqondo. |

## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **ithuluzi:** | Ithuluzi yinto esiyisebenzisayo esisiza senze umsebenzi. Isibonelo, ipensela yithuluzi lokubhala, kanti ilephthophu yithuluzi lokubhala uchofoze. |
| **chofoza:** | Ukuchofoza kusho ukucindezela inkinobho kumawsi, iskrini noma kudivaysi ethile ukuze kwenzeke okuthile, njengokuvula umdlalo noma umlayezo. |
| **inkohliso:** | Inkohliso yingenkathi umuntu eqamba amanga ukuze athole imali yakho noma ulwazi ngawe lwangasese. |

**Buza umndeni wakho:**



Yiluphi uhlobo lobuchwepheshe owawulusebenzisa ngenkathi useyingane?



Ingabe lo buchwepheshe sebuguquke kanjani kusukela ngesikhathi useyingane kuze kube manje?



## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?










## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nca | cwe | ncwu |
| nci | cwa | ncwe |

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

cwecwa ncweba ncwaba cwila
cwebezela cwecwela ncwebela ncwabiwa

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Unana uncweba umama. Umuncwebela ukuthi ufuna ukudla. Umama usacwecwa izambane ukuze aphekele unana. Isitsha sikamama siyacwebezela. Unana ucwebezelisa isitsha sikamama. Usicwebezelisa ngokusicwilisa ebhakedeni.

## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **nc, cw, ncw**

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. lance
2. salicwi
3. ubancwa
4. zelabecwe

Bhala amagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

| Namuhla siqala inyanga kaNcwaba. |
|---|

UNcami uncela ibhodlela lakhe. UNcami uyancishana ngebhodlela lakhe. UNcami uyazikhandela ibhodlela lakhe akasincengi. Uma eqeda ukulincela ulicwilisa ebhakedeni. Ufuna ukulibona licwebezela. Uma lingacwebezeli akalithandi. Thina sithanda inyanga kaNcwaba.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

c-w-e-c-w-a
c-u-l-i-s-a




| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | c | w | u | e | s |
| k | q | l | sh | i | a |

## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?







## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nde | dwu | ndwi |
| ndi | dwa | ndwa |

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

indida dweba indwangu uZodwa
indishi imidwebo yedwa indilinga

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Umama ugeza indishi yakhe. Indishi yakhe iyindilinga. Uma eyigeza uyigeza ngendwangu. Indishi yakhe inemidwebo emihle. Le midwebo uyibuka yedwa. Uyathanda futhi ukuyibuka noZodwa.

## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **nd, dw, ndw**

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. dwaye
2. ingandili
3. ingundwa
4. ushudwe

Bhala amagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

| |
|---|
| Le ndaba inodweshu olujabulisayo. |

Indishi isetafuleni. Indwangu isendishini. Abadwebi badweba imidwebo esendishini. UNdwandwe udweba yedwa. UNdwandwe uthanda ukudweba indilinga. Abadwebi bathe bedweba babona igundwane. Bathe belibona balidweba.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

i-n-d-i-d-a
w-e-l-i-s-a



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | d | w | f | s | l |
| f | a | y | z | e | i |



**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.



## Ubumnandi ngethabhulethi

ULunga unethabulethi. Ucofa isikrini. Cofa, cofa, cofa. Kuvele isikhangiso. Uyakwazi ukusifunda! Uyakwazi ukufunda umbhalo: 'Chofa ukuze uphumelele!' Kufanele enze njani? Ingabe kufanele acofe isikhangiso?

ULunga ucofa iepu hhayi isikhangiso. Iepu ayicofayo iwumdlalo. Iwumdlalo ojabulisayo, kodwa futhi unzima. Kumele acofe isikrini ngokushesha! Ukuphumelela, kumele acofe, acofe, acofe ngokushesha!

ULunga uyawuthanda umdlalo. Kunzima ukuphumelela, kudwa uyajabulisa. Uma ecofa, kuvela amachashaza. Uyacofa bese kuvela amachashaza, avele, avele!

Okulandelayo, uLunga ucofa ibalazwe le-epu. Bheka! ibalazwe lezitaladi. ULunga ucabanga ukuthi iyajabulisa.

Ithabhulethi ine-epu yokupenda. Bheka! uLunga angapenda kuthebhulethi. ULunga angapenda apende, bese ewucima upende. Angapenda ngaphandle kokumosha.

ULunga uthanda iepu yezincwadi. Iepu yezincwadi inezincwadi eziyikhulu. Angafunda afunde kuepu yezincwadi. Ihamba phambili.

## Ukuqondisisa

Kopela uqedele imisho:

1. ULunga angapenda ngaphandle ko_____ kuthebhulethi.
2. ULunga uthanda iepu_____.
3. ULunga udlala umdlalo ojabulisayo. Uyacofa acofe bese kuvela _____.

## Imofoloji

Funda amagama ebhulokhini elinombala.
Bese, ukopisha umusho encwadini yakho.
Qedela umusho ngegama elifanele.

| | | | |
|---|---|---|---|
| dela | deliwe | delisa | ubadelile |

Umama u _____ ukudla ukuze thina sidle.



## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nge | gwa | ngwo |
| ngi | gwi | ngwo |



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

ingane ngena amagwegwe ingwebu
gwila gwiliza ingidi bangwa



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Abafana babangwa abazali babo. Laba bafana banamagwegwe amahle. Izingane zijabulela ukubuka amagwegwe abafana.

### Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **ng, gw, ngw**

### Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. ibungwe
2. uligwibu
3. inange
4. agwemagwe

Bhala amagama encwadini yakho.

### Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Isigwili sinemali eningi.

Ingane ithanda amagwebu. Umama ukhandela ingane amagwebu. Ithe isidlalile yabuya yanga umama. Izingane zibanga umama. Umama ujabulela ukubangwa izingane. Enye yezingane inamagwegwe. Enye ifuna ukuba isigwili.

### Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

i-ng-a-n-e
a-m-a-g-w-e-b-u



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ng | g | w | i | m | u |
| a | b | n | z | kh | e |



## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nke | kwa | nkwo |
| nka | kwe | nkwa |



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

isinkwa nkinkwa nkwankwaza nkwininiza
isibankwa inkwali inkwahla enkwalini



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Isinkwa sakhe simoshekile. Ubaba unkinkwa uthayi. Angazi ukuthi uthini, ulokhu enkwankwaza. Unkwankwaza into engingayizwa. Omunye naye ulokhu enkwininiza. Ubaba ave eyithanda inkece.



## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **nk, kw, nkw**



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. ibasinkwa
2. inkwasi
3. uzikwa
4. ininka

Bhala amagama encwadini yakho.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

Ubaba uzinkinka ngothayi.

Inkani kaFana ayisizi. Uthe uyachaza wavele wankwankwaza. Izolo sibone isibankwa. Yena akakwazi ukucula uvele ankwininize. UNkosi uhalele isinkwa. Sizothengela uNkosi isinkwa ekuseni. Inkaba yami ibuhlungu. Izolo sibone uNkosi nenkosi enkwalini.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

i-n-k-a-n-i
i-N-k-o-s-i



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | k | w | v | z | l |
| s | q | N | a | i | o |



**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

## Isondo

Cabanga ngesondo. Isondo ebhayisikilini. Isondo ebhasini. Isondo elolini. Ayajikeleza, ajikeleze ajikeleze. Amasondo enza izinto zihambe. Singahamba ngokushesha uma sinamasondo.

Cabanga ngebhayisikili elingenamasondo. Cabanga ngebhasi elingenamasondo. Cabanga ngeloli elingenamasondo. Zingahamba kanjani? Ngeke zihambe! Zidinga amasondo.

Kudala, sasingenawo amasondo! Ungacabanga ngesikhathi kungekho masondo? Kungabanjani? Bekungabanjani ukube bekungenamasondo?

Ungagibela umnyuzi. Ungagibela imvu. Ungagibela imbuzi. Inkomo, imvu, kanye nembuzi azinawo amasondo. Zingahamba ngaphandle kwamasondo.

Ungasebenzisa izinyawo zakho. Izinyawo zakho aziwona amasondo. Izinyawo zakho zingahamba ngaphandle kwamasondo. Awuwadingi amasondo ukuhamba.

Siwasebenzisa kakhulu amasondo. Kunzima ukucabanga ngesikhathi lapho ayengekho amasondo!





## Ukuqondisisa

Kopela uqedele imisho:

1. Kungaba njani uma...
2. Kunzima ukucabanga...
3. Singahamba ngokushesha uma...



## Imofoloji

Funda amagama ebhulokhini elinombala.
Bese, ukopisha umusho encwadini yakho.
Qedela umusho ngegama elifanele.

| | | | |
|---|---|---|---|
| inkani | eNkanini | unenkani | banenkani |

Ubaba uyovakasha _____.

# Indikimba: Silandela imiyalelo

**Ukunothiswa kolimi:**

Isisho

Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuquketha ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Ukuba umhlambi kazeluse

Lokhu kusho ukuthi umuntu ongayilandeli imithetho ozenzela izinto ngokuthanda kwakhe kuthiwa ufana nomhlambi wezinkomo ozelusayo.

Izindaba:

**Hlala uphephile Lesego!**



**UVusi nosebe lomfula**



## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **iphasishi:** | Umzila noma indlela yezinyawo. |
| **kunciphile:** | Akukho banzi, kuncane zinhlangothi zonke. |
| **uqwashisiwe:** | Utshele omunye mayelana nengozi ukuze bacophelele. |
| **ingozi:** | Into engakulimaza. |
| **usebe lomfula:** | Umhlabathi ophansi emfuleni. |
| **ukuzidela:** | Ukuqunga isibindi futhi uzimisele ukuzama into ethusayo kancane. |
| **ukuqhatha:** | Uma omunye ekucela inselelo ukwenza into edinga isibindi, engasile, noma ethusayo kancane. |
| **consa:** | amanzi ehla kancane. |
| **imiyalelo:** | Imithetho noma izinkomba ezikutshela ukuthi wenzeni noma ukuthi into yenziwa kanjani. |
| **uphephile:** | Ukuvikeleka engozini noma ekulimaleni. |

## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **lingeka:** | Ukuzizwa ufuna ukwenza okuthile, ngisho wazi ukuthi awufanele. |
| **ukwesaba:** | Umuzwa oba nawo uma ucabanga ukuthi into ingakulimaza noma iyasabeka. |

**Buza umndeni wakho:**



Ungacabanga ngenkathi lapho ukulandela imiyalelo kwakusiza ukuba uhlale uphephile?

Ungacabanga ngenkathi lapho ungazange ulandele imiyalelo? Kwenzekani?





## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?













## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| hwe | lwa | nwu |
| hwa | lwe | nwu |

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

unwele uhwebo ulwazi bhalwa
dlalwa umunwe unwabu hehwa

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

Unwabu lubonakele esihlahleni. Lubonakele lunwabuluka kancane. USipho uluthathe ngomunwe wakhe. Lo mudlalo wokuthatha unwabu udlalwa uSipho no Lwazi. ULwazi naye uyafuna ukudlala. ULwazi usabhekene nezohwebo zakusasa.

## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **hw, lw, nw**

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. ubahweku
2. unwemu
3. uzilwa
4. ulwadlaku

Bhala amagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

| Ibhola lidlalwa abafana. |
|---|

Ngifuna ulwazi olusha. Lolu lwazi olokunakekela izinwele zami. Luzophinde lungisize ngizakhele uhwebo. Lolu hwebo luzoba olwabangani bami. Uma sifuna lolu hwebo kumele sizile ukudla. Ukudla kuzozilwa imina nabangani bami. Sibona ngathi sizohweba kakhulu.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

u-h-w-e-b-o
a-m-a-h-e-w-u

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| h | l | m | w | l | a |
| u | k | b | h | e | o |





## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nqe | qwo | nqwu |
| nqi | qwa | nqwe |



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

inqwele uQwabe inqola inqondo
uManqoba eQwaqwa inqwaba eNquthu



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

UQwabe uqoqe inqola kaQhawe izolo. UManqoba uyathandile inqola kaQhawe. UManqoba noQwabe badlala nenqwaba yabafana. Inqondo kaQhawe iyakhathala. UQhawe uzovakashela eQwaqwa. Ufuna ukubona inqwele afunde ngayo.

## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **nq, qw, nqw**

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. ibanqa
2. ushiqwasa
3. ibanqwa
4. ilanqo

Bhala amagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

| Umama uqwashisa abafana. |
|---|

Inqola kababa ayikho. Ubaba uyiboleke umalume waseNquthu. Amatekisi ave eyinqaba eNquthu. Kunenqwaba yabagibeli abalinde amatekisi. Osomatekisi babaqwashise ukuthi bahambe ngezinqola. Izinqola zizobafikisa kusenesikhathi. Ngalokho, ubaba usezolanda inqola yakhe.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

i-z-i-n-q-o-l-a
i-q-o-l-a



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | q | w | l | kh | i |
| u | a | z | m | o | s |

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.



## Hlala ukhuselekile!

Kumele sihlale siphephile. Uma weqa isitaladi, akumele ushayeke! Kumele ubheke kwesobunxele nakwesokudla.

Akumele ubhukude uma umuntu omdala engekho. Ungabhukuda nomama wakho. Ungabhukuda nobaba wakho. Kodwa kumele ucele. Uma ufuna ukubhukuda kumele ucele.

Uma uphuma uyodlala, kumele utshele umuntu omdala. Ungatshela umama wakho. Ungatshela ubaba wakho. Ungatshela ugogo wakho. Ungaphumi ngaphandle kokutshela umuntu omdala.

Uma uya esitolo nomama wakho, kumele uhlale unomama wakho. Uma uya esitolo nobaba wakho kumele uhlale unobaba wakho. Ungalahleka uma ungahlali unabo. Uma uzizwa ngathi ulahlekile, tshela umuntu omdala. Uma ucabanga ukuthi ulahlekile, kumele ume bese utshela umuntu omdala.

Kumele uzame ukukhumbula ikheli lakho. Bese, uma ulahleka, ungatshela umuntu omdala ikheli lakho.

Ebususku, akumele uhambe engekho umuntu omdala. Ebusuku, sihlala ekhaya. Ungalahleka ebusuku!

Hlala uphephile. Kumele uzame ukuhlala uphephile.



**Ukuqondisisa**

Kopela uqedele imisho:

1. Uma uphuma uyodlala ngaphandle kumele...
2. Kumele uzame ukukhumbula...
3. Uma uwela isitaladi kumele...



**Imofoloji**

Funda amagama ebhulokhini elinombala.
Bese, ukopisha umusho encwadini yakho.
Qedela umusho ngegama elifanele.

qala uqalile ukuqala bazoqala

Obaba ______ ukugibela izinqola.



## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?












## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nsa | swe | nswo |
| nse | swa | nswa |



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

insini uswana inswelaboya insizi
insimu umuswakama izinswelaboya ensimini



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Kubonakele inswelaboya ekhaya. Ingene ensimini ibaleka. Ibaleke namaswana asekhaya. Sivele safa insini siyibona ingena. Amaswane akhale kakhulu eyibona. Wona awafanga insini. Umama uthuthukele kakhulu uma esibona silokhu sinsinsitheka.



## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **ns, sw, nsw**



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. ininsi
2. inswebolaya
3. uziswa
4. eminsini

Bhala amagama encwadini yakho.



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

| Ugogo uhlakula ensimini. |
|---|

Ugogo uvuka ekuseni ahlakule ensimini. Ukushaya ngoswazi uma ungena ensimini yakhe. Nezinswelaboya nazo uzishaya ngalo uma ziganga. UBoni ukhala ngezinsini zakhe. Uthi izinsini zakhe zibuhlungu. Ekuseni sinisela ensimini kagogo. Siyafa insini silalele amahlaya akhe.



## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

u-k-u-s-i-z-a
i-n-s-i-n-i

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | s | w | k | l | z |
| k | h | v | a | i | u |



## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?










## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nta | twi | ntwu |
| nte | twa | ntwe |

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

umuntwana utwayi intaba intethe
inthuthu entabeni intulo elentulo

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

USanele umile utwayi. Intuthu ikhame uSanele. Umama usitshela ngelentulo. Yize emile utwayi, uSanele usafuna ukuya entabeni.

## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **nt, tw, ntw**

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. ithuntu
2. ibanta
3. elelontu
4. ithente

Bhala amagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela


Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

USipho ugibela intaba yangakithi.

Intaba yakithi iyajabulisa. Abantu abaningi bayeza bazobuka le ntaba. Phezulu entabeni kuntanta izinto. Lezi zinto zinemibala emihle. Unana uthinta izinwele zikamama. Umama uyakuthanda ukuthintwa izinwele. Izingane zisaba izintwala.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.




| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | t | o | th | h | f |
| d | u | l | z | i | a |

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.



## Umuntu omdala omethembayo

Ingane kumele ibe nomuntu omdala engamethemba. Umuntu omdala ongamethemba kungaba umama wakho. Kungaba ubaba wakho. Kungaba ugogo wakho. Umuntu omdala ongamethemba angasiza ukukugcina uphephile.

UMusa waya esitolo. Indoda esitolo yathi, "Woza uhambe nami!" UMusa wangazizwa ephephile. UMusa wathi, "Cha! angizukuhamba nawe."

UMusa wagijimela kumama wakhe. Umama wakhe ungumuntu omdala ophephile. Angamuthemba umama wakhe. Wathi, "Mama leya ndoda ithe angize kuyo. Angizizwa ngiphephile!"

Umama wathi, "Leya ndoda ayiphephile. Leya ndoda ayiyena umuntu omdala ongamethemba! Akumele uhambe naleya ndoda! Kumele uhlale nami. Ngizokugcina uphephile."

Umama wathi, "Musa wenze kahle weza kimi. Ngathi uma ungazizwa uphephile, kumele ungitshele. Wenze njengoba ngishilo! Ngiyaziqhenya ngawe, Musa. Wenze umsebenzi omuhle."

UMusa uphephile. UMusa uphephile nomama wakhe.

Umuntu omdala ongamethemba angakugcina uphephile. Kumele utshele umuntu omdala omethembayo uma uzizwa ungaphephile!



## Ukuqondisisa

Bhalani izimpendulo ezincwadini zenu zokubhalela:

1. Yathini indoda esitolo?
   Indoda esitolo ithe...
2. Yimuphi umuntu omdala uMusa angamethemba?
   Umusa angathemba...
3. Ubani okumele umutshele uma uzizwa ungaphephile?
   Uma uzizwa ungaphephile kumele utshele...



## Imofoloji

Funda amagama ebhulokhini elinombala.
Bese, ukopisha umusho encwadini yakho.
Qedela umusho ngegama elifanele.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ntanta | bayantanta | zantanta | bantantile |

Izingane _____ emoyeni.

# Indikimba: Singamaciko

**Ukunothiswa kolimi:**

Isaga

Umushwana wesiko onikeza iseluleko. Izaga zivame ukuquketha ulimi oluyizifenqo njengezingathekiso.

Isandla siyazala

Isandla singakwazi ukwakha noma ukwenza into ebingekho ibekhona.

Izindaba:

**Ibhulashi yokupenda**



**Indodana ehlakaniphile**



## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **ibhulashi lokupenda:** | Ithuluzi elivamile lokupenda. |
| **umdwebi:** | Umuntu owenza ubuciko, njengokudweba noma ukupenda. |
| **umdwebo:** | Isithombe esenziwe ngopende. |
| **iphosta:** | Isithombe esikhulu esishicilelwe noma uphawu olubekwe obondeni ukwabelana ngolwazi. |
| **hlakanipha:** | Ukukhombisa ukucabangisisa kahle nokukhetha ngokufanelekile. |
| **ukucophelela:** | Ukucabangisisa kahle ngokucacile ngaphambi kokuthatha isinqumo noma wenze okuthile. |
| **ubudedengu:** | Ukunganakekeli bese wenza amaphutha noma ubange izinkinga. |
| **phumelela:** | Ukwenza into ngempumelelo. |
| **unobuciko:** | Ukusebenzisa umcabango wakho ojulile ukwenza into entsha noma ukwenza into ngendlela yakho ekhethekile. |

## Isilulumagama

| | |
|---|---|
| **ubuciko:** | Ikhono lokucabanga imibono emisha nokwenza izinto ngendlela yakho. |
| **ukuzenzisa:** | Ukwenza noma ucabange ngokujulile sengathi into iyiqiniso ibe ingelona. |
| **ukwenza sikholwe:** | Ukusebenzisa umcabango wakho ojulile ukudlala noma ucabange izinto okungezona ezangempela. |


**Buza umndeni wakho:**



Yini othanda ukuyenza noma ukuyakha?

Kunini lapho uzizwa unobuciko kakhulu?





## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?










## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nxu | xwa | nxwi |
| nxa | xwe | nxwa |

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

inxeba inxele xwaya nxenxwa
inxiba uyaxwaya inxusa nxenxwe

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

Ikhansela linxenxa abantu ukuthi balivotele. Amanxusa ayohlangana nekhansela. Afuna ukulinxenxa ukuthi lakhe amathoyilethi. Abantu bale ndawo bayalixwaya ikhansela. Abafuni ukulibona linxenxana nabo ukuthi balivotele. Baxwaya ngisho indawo yalo ikhansela.

## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **nx, xw, nxw**

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. ukuyaxwa
2. ibanxe
3. ibanxi
4. nxanxe

Bhala amagama encwadini yakho.

## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

| Abazali baxwayisa abafana ngobugebengu. |
|---|

Amanxusa alande umama. Amulande ngoba eyinxenye yawo. Ubaba naye uyinxenye yenxusa. Bayathanda ukungena umuzi nomuzi baxwayise abantu ngobugebengu. Umama wanxunxwa ubaba ukuthi abe inxusa. Ubaba unenxiba lakhe ahlala kulo. Umama unakekela inxeba likaNxumalo.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu

Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

i-s-i-x-u-k-u
a-m-a-n-x-e-b-a




| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| n | x | b | v | k | s |
| p | u | m | i | e | a |



## Imisindo

Yimiphi imisindo ongayihlanganisa ndawonye?









## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokuhlanganisa imisindo.

| | | |
|---|---|---|
| nyi | ywa | nywo |
| nya | ywa | nywa |



## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Shintshanani ngokufunda amagama:

unyawo nyela lanywa laywa
inyanga khanywa kaywa khanya



## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

UKhanya ukhanyisa isibani. UKhanya ulanywa uNkanyiso. UNkanyiso ulanywa ubhuti wakhe.

## Imisindo

Buyekeza Umndeni Wemisindo: **ny, yw, nyw**

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

Hlela izinhlamvu ukwakha amagama.

1. uwonya
2. ywala
3. lawanywa
4. ingonyo

Bhala amagama encwadini yakho.


## Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo:

**Unyawo lukamama lunyelile.**

Thina sibone inyanga izolo. Le nyanga inenyongo ekhanda. Ubaba ulaya abafana. Abafana balaywa ubaba ebafundisa isifundo. Abafana balanywa ingane. Ukungcola kunyanywa umama nabafana. Abafana bafuna inyama.

## Ukubhala nokuqonda imisindo nezinhlamvu




Yakha amagama usebenzisa le misindo.
Bhala amagama encwadini yakho.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ny | y | w | a | r | l |
| k | c | m | o | e | i |

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

## Ukupenda

Ngingenza umdwebo wopende. Ngithanda upende obomvu. Ngithanda upende ophuzi. Ngithanda upende oluhlaza okotshani. Ngithanda ukuhlanganisa upende ngebhurashi lami.

Ngingapenda ngebhurashi lokupenda. Ngingapenda ngeqabunga. Ngingapenda ngetshe. Ngingapenda ngenduku. Ngingapenda ngesandla.

Ngingapenda iloli elibomvu. Ngingapenda ukushona kwelanga okukhanyayo. Ngingapenda ikati nenja. Ngingapenda isihlahla esikhulu esiluhlaza okotshani. Ngingapenda umjikelo nendawo yokudlala.

Ngipenda ngendlela yami. Uma ngipenda, ngenza indawo enkulu. Uma ngipenda, ngenza umugqa omude. Uma ngipenda, ngiyachaphaza futhi ngithele upende.

Ngiyaziqhenya ngomdwebo wami wopende. Ngiyaziqhenya ngokuthi ngipenda ngendlela yami. Umdwebo wami wopende uphume ngendlela engiwuthanda ngayo.



Ngikhombisa umama nobaba umdwebo wami wopende. Bathanda ukubona izinto engizipendayo. Balengisa umdwebo wami wopende phezulu. Bayaziqhenya ngomdwebo wami wopende.

Ngithanda ukupenda. Uma ngipenda, ngizizwa ngikhululekile. Uma ngipenda, ngizwa injabulo. Uma ngipenda, ngimamatheka ngokumamatheka okukhulu.

Kumele upende ngendlela yakho!



**Ukuqondisisa**

Kopela uqedele le misho!

1. Ngizizwa _____ ngomudwebo wami wopende.
2. Ngipenda ngendlela _____.
3. Ngingapenda_____ obomvu.



**Imofoloji**

Funda amagama ebhulokhini elinombala.
Bese, ukopisha umusho encwadini yakho.
Qedela umusho ngegama elifanele.

| | |
|---|---|
| nyamalala | unyamalele |
| bazonyamalala | wanyamalala |

Abafana _____ ngonyaka ozayo.

## Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

1. Kopela amagama uwabhale encwadini yakho yokubhalela:

   libazisa

2. Thola udwebele bonke onkamisa:

   libazisa.

3. Engeza indlela yokunqamula amalunga.

   li/ba/zi/sa

4. Funda amalunga:

   li-ba-zi-sa

5. Hlanganisa amalunga ukufunda amagama:

   libazisa

6. Phinda ngamagama:

   a. isibusiso
   b. sebenzisa
   c. bhalisela
   d. bukisisa
   e. amakhathoni

## Ukwakheka kwemisho

**Hlela amagama alandelayo**

**abe umusho oqondile:**

1. Kopishela umusho encwadini yakho:

   izindaba uqamba usibusiso

2. Thola bese udwebela umenzi:

   izindaba uqamba usibusiso

3. Thola bese uzungeza isenzo:

   izindaba uqamba usibusiso

4. Thola bese ushikisha umenziwa:

   izindaba uqamba usibusiso

5. Bhala umusho ngale ndlela: umenzi + isenzo + umenziwa

   usibusiso uqamba izindaba

6. Faka izimpawu zokubhala:

   USibusiso uqamba izindaba.

7. Phinda futhi ngemisho:

   a. ubhanana uhluba unoxolo
   b. upenda ubaba ubonda
   c. zikhalela izingane ibhola



### Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

a. ubukhosi
b. amakhiwane
c. ubuhlalu
d. ukuhlawula
e. ukunisela



### Ukwakheka kwemisho

**Hlela amagama alandelayo**

**abe umusho oqondile:**

a. umlilo abafana bakhwezela
b. indlu zihlanza izingane
c. impempe ushaya unompempe



### Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

| Thina silalela umsakazo. |
|---|

## Usuku olubandayo

Ngosuku olubandayo. Sivuka umama ebase umlilo. Usenzela itiye elishisayo. Aphinde asithelele namanzi ashisayo. Lokhu kuyasisiza ukuthi sihlale sifudumele usuku lonke.

Ubaba yena ungumshayeli webhasi. Uvuka ekuseni aphuze itiye elishisayo alungisele ukuyoshayela ibhasi. Ugibeza abafundi abaya esikoleni. Endleleni bahamba becula amaculo amunandi. Kuyasijabulisa ukuhamba nobaba.



### Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

a. amakhaza
b. godola
c. gibela
d. gibeza
e. xhumanisa



### Ukwakheka kwemisho

**Hlela amagama alandelayo**

**abe umusho oqondile:**

a. izingane umshayeli zibona
b. ibhasi umkhulu ushayela
c. khanyisa isibani usisi



### Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

| |
|---|
| Thina sitshala umbila. |

## Imibhalo ejabulisayo

UNtombi uyintombazane efunda amabanga aphansi. Ave ekuthanda ukufunda. Uma ebuya esikoleni uvakashela umtapo wolwazi. Ufike aboleke incwadi azofika ayifunde ekhaya. Uyazithokozela lezi zincwadi azifundayo.

UNtombi uhlala nabazali bakhe nomfowabo. Uyakuthanda ukufundela umfowabo izindaba. Uyaye amufundele izindaba abuya nazo. Lezi zindaba zibafundisa impilo yakwamanye amazwe. Umfowabo naye uyazijabulela lezi zindaba.



### Ukuguqulela enkulumeni (ukudikhoda)

**Funda amagama amade:**

a. ukusebenza
b. ukufundisisa
c. ukukhuleka
d. ukudumisa
e. amaqabunga



### Ukwakheka kwemisho

**Hlela amagama alandelayo**

**abe umusho oqondile:**

a. awa esihlahleni amaqabunga
b. izitsha geza ubhuti
c. wakha umakhi indlu



### Ukufunda ngokushelela

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo.

| Ubhuti uthenge isikhwama esihle. |
|---|

## Ubuhlalu bukaNobuhle

UNobuhle wayethanda ubuhlalu kakhulu. Wayebukela umama wakhe enza imigexo ngobuhlalu. Walibuka leli khono walihalela. Wabona kulikhono elihle. Lalenza abantu babe bahle.

Ngelinye ilanga uNobuhle wavuka wacabanga. Wayecabanga ngaleli khono likamama wakhe. Wayefisa ukuba nalo naye enze imigexo emihle. Wathatha imali yakhe yasesikoleni wayothenga ubuhlalu. Wabuya wahlala phansi wenza umgexo wokuqala. Umgexo wakhe waba muhle kakhulu.

**Ukufunda ngokushelela**

Shintshanani ukufunda ngokuzwakalayo

## Ukudlala ngobumba



Ubumba lumanzi. Ubumba luthambile. Ubumba luyashelela. Ubumba luyajabulisa.

Ngiyathanda ukudlala ngobumba. Ngithanda ukucindezela ubumba. Ngiyathanda ukuhlaba ubumba. Ngiyathanda ukucofa ubumba. Ngiyathanda ukuxova ngihlanganise ubumba.

Ngenza inyoka ngobumba. Sss, sss! Ngenza inhlanzi ngobumba. Bhukuda, bhukuda! Bese ngenza unogwaja ngobumba lwami. Gxuma, gxuma!

Ngiyadlala ngidlale. Ngenza isikhova ukuze sidle inyoka. Ngenza izinhlanzi ezilishumi nokhula lwasolwandle. Ngenza impungushe enkulu ukuze idle unogwaja. Kodwa unogwaja usendlini yobumba. Unogwaja ucashile! Impungushe ayiwuboni unogwaja endlini yobumba.

Emva kwalokho ngiluxova lonke ubumba. Ngenza inyoka, inhlanzi, unogwaja kanye nempungushe.

Ngicindezela ubumba. Ngiyalujova, ngiyalucofa ngiyaluxova ngiluhlanganise.

Ngenza inkomo nemvu. Ngenza utshani. Inkomo nemvu kudla utshani. Ngenza idada. Ngenza idamu. Idada liyabhukuda edamini. Ngenza ingulube. Ngenza udaka. Ingulube idlala odakeni.

Ngidlala ngidlale ngobumba.

## Ukuqondisisa

Kopela uqedele imisho:

1. Ngihlanganisa ______, ngenze inhlanzi, unogwaja, kanye ______.
2. ______ libhukuda edamini.
3. Unogwaja ufihlekile e______.

## Imofoloji

Funda amagama ebhulokhini elinombala.
Bese, ukopisha umusho encwadini yakho.
Qedela umusho ngegama elifanele.

thandaza wathandaza
uyathandaza uthandaza

Umama ______ njalo ekuseni.

